eNcome

Kwakwenzé njani?

Kwachitheka igazi, amanzi omfula iNcome aphenduka aba bomvu
kulwa amabutho eNkosi uDingane
elwa namaBhunu ayeholwa nguAndries Pretorius
zili-16 kuDisemba 1838;
zalala ucaca izinsizwa okuthiwa zibalelwa ezinkulungwaneni ezintathu (3 000);
iningi lamaBhunu lasinda.

Kuze kube namuhla lokhu iNcome seyabizwa ngokuthi
ùMfula weGazi ("Blood River").

AmaBhunu ayefiké kwelakwaZulu ekupheleni konyaka we-1837, eholwa nguPiet Retief, ebalekela ulaka lombuso wamaNgisi eKapa, ekhononda ikakhulukazi ngomthetho wakhona omusha opheza inqubo ayehluma acebe ngayo - inqubo yokugqilaza (slavery); angena kwelakwaZulu ehla ngoKhahlamba, awela uMtshezi, edlulela ogwini lolwandle lapho kwakuqubé khona amaNgisi - eThekwini, ayesesuka lapho esenyuka, ewela uThukela, eqhubekela ekoMkhulu lakwaZulu, eMgungundlovu, eyozethula eNkosini uDingane (zi-5 kuNovemba 1837).

Athé esebuya isibili koMkhulu (zi-3 kuFebhuwari 1838), ayeseqhuba imfuyo ayeyiphangé kuSgonyela ngaphesheya koKhahlamba, ezozama ukuzidalela ngayo ubuhlobo ebuKhosini bakwaZulu; kanti vele-nje kuyasolwa ukuthi ezé ngobuqili. Ayibange isawadedela iNkosi uDingane; xhakathisi, lawalahla icala, agwetshwa, sawenela isigwebo ngothi lwawo, kwacishe akwasinda nalinye.

Aphuma amabutho eNkosi aqonda kwaNobamba nakwezinye izinkalo lapho ayequbé khona amanye amaBhunu; kwavalwa ngehlahla.

Wayihlomisa eyamaBhunu uAndries Pretorius, ehlóse ukuyokhokha isibhongo, yafike yahlaba ikhefu phezu kweNcome, kwaguqwa, kwathandazwa njengokwesiko lakubo, kucelwa ukuthi uZulu anqotshwe, kwafungwa kwethenjiswa koPhezukonke. Watheleka uZulu, zatholana, kwaba yisibhicongo; anqoba amaBhunu.

Ben Khumalo-Seegelken.